


INYUZILETHA YELUNGU

FIRST EDITION | FEBRUARY 2023



Lungu Elithandekayo

Egameni le-Mineworkers Provident Fund, sethemba ukuthi uwuqale kahle unyaka nokuthi kuze kube manje usuzinzile ku-2023. Sinethemba lokuthi u-2023 uzoba unyaka ongcono, naphezu kwezinye zezinselele ezibhekene nezwe lethu njengamanje okuhlenganisa ukucishwakonga ugesi okusezingeni eliphezulu osekube yingxenye yansuku zonke yokuphila kwethu.

OKWAKAMUVA NGOKUSATSHALISWA KWEZITATIMENDE ZEZINZUZO ZAMALUNGU ZIKA-2021:

Ngokombono weSikhwama, sihlela ukwenza u-2023 ube ngcono futhi ukhiqize kangcono. Indawo esemqoka esigxile kuyo ngo-2023 ukusebenzela ekuthuthukiseni isiphakamiso sethu senani lamalungu, esihlanganisa ukuphendula izidingo zamalungu ngokombono womhlalaphansi, ukuthuthukisa izevisi yamalungu nokuthuthukisa inqubo yokusabalalisa izitatimende zezinzuzo.

Ukusatshaliswa kwezitatimende zezinzuzo zika-2021 okwamanje kuyaqhubeka, futhi sibikezela ukuphuthula le phrojekthi kungakadluli ukuphela kuka-Febuwari 2023. Ngaphansi kwezimo ezijwayelekile, le nqubo bekumele iqedwe ngonyaka odlule ngo-Novemba njengoba bekunjalo eminyakeni eyedlule, nokho, ngenxa yezinselele zokusebenza asikwazanga ukhlangabezana nalolu suku olungumnqamulajuqu, futhi sifisa ukudlulisa ukuxolisa kwethu okuqotho ngokubambezeleka.

Zonke izitatimende zezinzuzo zitholakele ku-inthanethi ngo-Disemba 2022 njengoba sasikhulumile ngezindlela ezihlukahlukene zokusabalalisa ngaleso sikhathi. Abanye benu mhlawumbe sebewavakashela amahhovisi eSikhwama ancike kuMqashi lapho ungacela khona umeluleki weSikhwama ukuba aprinte izitatimende zezinzuzo. Ziyatholakala futhi ku-app Yesikhwama ekuselula.

Isikhwama siyawaqonda amandla okusebenza kwamalungu ethu, kanti singathanda futhi ukukhuthaza ukuthi usebenzise indlela yethu ye-imeyili i-clientservice@mineworkers.co.za ukuze uthole olunye usizo ngezitatimende ezi-elektroniki, futhi ungavakashela umnyango wakho we-HR ukuze uthole olunye usizo. Sithole okusithokozisayo okubalulekile kulokho okwenzeka ngo-2022 futhi sesiqalile kakade ukusebenzisa izinyathelo zokuqinisekisa ukuthi izitatimende zemihlomo zika-2022 zisatshaliswa ngesikhathi.

IZINYATHELO ZE-CSI ZE-MWPF:

Esikhathini esedlule, Isikhwama senza umcimbi waminyaka yonke i-Golf Day ohlose ukuqoqa izimali zokusiza imiphakathi ehluphekile lapho amalungu ethu ahlala khona. Ngalesi sinyathelo, Isikhwama sikwazile ukusiza imiphakathi eminingi, kubandakanya ukuvuselelwa nokwakhiwa kwamagumbi engeziwe esikoleni e-Eastern Cape ngo-2018. Isinyathelo sokwenza umcimbi we-Golf Day, nokho, asisekho ngenxa yezingqinamba zokulawula ezivela ku-Directive 8. Ngemali esele esikhwameni somcimbi, IsiKhwama siqoke iQembu Lokusebenza le-CSI ukuthi lithole ezinye izizathu ezifanelekile zokusebenzisa imali esele. Siyajabula ukumemezela ukuthi iSikhwama sikwazile ukuhlonza izikole eziningana kanye nemitholampilo lapho kunikezelwe khona amajenereryitha ayi-11 kanye namathangi amanzi oJojo ama-3 afakwa, ukuze kuhlinzekwe izikole kanye nemitholampilo ngosizo ngezikhathi zokucishwakonga ugesi kanye nokugcina amanzi.

Ithimba Lokusebenza le-CSI laqinisekisa ukuthi lezi zinsiza ezinikelwe zisakazwa kahle ezifundeni ezinomlando weSikhwama kanye nokuthi wonke amaKomiti Ezabeluleki Ezifunda (RACs) ezifundeni zonke eziyi-7 kuxoxiwe nawo futhi abandakanyeka ekukhetheni izikole nemitholampilo efanelekayo. Lamaprojekthi kufanele ukuthi anikezwe ngokusemthethweni ezikoleni nakumitholampilo ezokwamukeliswa ngesikhathi esifanele. Umbiko osuvele utholakele kwamanje ukhombisa ukuthi izikole kanye nomtholampilo okuzokwamukeliswa ziyayithokozela kakhulu le minikelo, kulesi sikhathi lapho ukucishwakonga ugesi kuyingxenye yokuphila kwethu kwansuku zonke. Ezinye zezikole ziqhuba amaprojekthi athuthukile adinga ukuthi kutholakale amandla kagesi ngaso sonke isikhathi. Futhi zidinga amandla kagesi aqhubekayo ukuze ziqhube kahle ezokuphatha (ngokwesibonelo ukuphrinta amaphepha okuhlolwa, njll.).

Ezinye izikole ziqhuba amakilasi akusihlwa kubafundi futhi amajenereryitha azohlinzeka ngamandla okusekela amandla kagesi ngesikhathi sokucishwakonga ugesi. Imitholampilo kufanele inikeze imithi ebucayi okufanele igcinwe ngaphansi kwezimo ezibandayo kanti lokho kungaphazamiseka uma kuba khona ukucishwakonga ugesi okuthatha isikhathi eside ngaphandle kokusekela amandla kagesi. Amajenereryitha azoqinisekisa ukuthi iziguli aziphazamiseki.

Ngo-2023, Isikhwama sihllose ukuletha usizo olusesimweni esiphezulu kakhulu emalungwini ethu nakubo bonke abathintekayo bethu. Njengoba kukuningi osekwenzekile kakade, siyakholwa wukuthi kuzoba ngunyaka oyimpumelelo eSikhwameni.

Kwangathi ungafinyelela kuyo yonke imigomo yakho ngo-2023!

Ngiyabonga
Frans Phakgadi
MWPF PO kanye nebamba lika-CEO



Yazi Izinguzo zakho ze-MWPF

Sinikeza amalungu ethu imikhiqizo ephakeme, hhayi nje ukusiza ngesikhathi sokuthatha umhlalaphansi kodwa nakulezo zimo ezingalindelekile. Kubalulekile ukuba uzijwayeze wena kanye nabathandiweyo bakho ngezinzuzo ezingezansi ukuze wazi uma kuvela isimo esingalindelekile:



1. UMHLOMULO WOMNGCWABO

Umhlomulo womngcwabo ukhokhelwa uma kwenzeka kushona ilungu, umuntu oshade nelungu noma izingane.

Ilungu	R50 000
Oganene naye	R50 000
Ingane eneminyaka ephakathi kuka 14 kuya ku-21 ubudala	R50 000
Ingane eneminyaka ephakathi kuka 22 kuya ku-25 ubudala (abafundi besikhathi esigcwele)	R50 000
Ingane eneminyaka ephakathi kuka 6 kuya ku-13 ubudala	R31 250
Ezelwe isithule kuye eminyakeni engu-5 ubudala	R18 750

Umhlomulo womngcwabo ongu-R50 000 uzokhokhwa uma ilungu eliphumile Esikhwameni ngenxa yokuthatha umhlalaphansi lishona.



2. UMHLOMULO WOKUFA

Uma kwenzeka ngengozi yokushona kwelungu, lezi zinzuzo ezilandelayo zikhokhelwa umhlomuli.

- X3 umholo wakho wonyaka;
- Isamba semali oyikhokhile ohlelweni lomhlalaphansi;
- Isamba semali ozikhokhele ngokuzithandela (uma ikhona);
- Isamba sengxenye edluliselwe; (uma ikhona);
- Nenethi yembuyiselo yotshalomali.



3. IMIHLOMULO YOKUKHUBAZEKA

Uma kwenzeka ilungu lingakwazi ukuqhubeka nomsebenzi unomphela ngenxa yokukhubazeka, lokhu okulandelayo kuyakhokhwa yilungu.

- 3x iholo lonyaka, uma kutholakala ukuthi ukhubazekile ngokuqhubekayo, unomphela kanye nokukhubazeka ngokuphelele, ngaphansi Kwesikhathi Sokulinda esiyizinyanga eziyi-6;
- Isamba semali oyikhokhile ohlelweni lomhlalaphansi;
- Isamba Semali Ozokhokhele Ngokuzithandela (uma ikhona);
- Isamba Sengxenye Edluliselwe; (uma ikhona);
- Nenethi yembuyiselo yotshalomali.



4. UMHLOMULO WOMHLALAPHANSI

Ngesikhathi sokuthatha umhlalaphansi, okunoma nini phakathi kweminyaka yobudala engu-50 kuya kwengu-60 kubasebenzi abangaphansi komhlaba kanti kubasebenzi abaneminyaka yobudala engu-53 kuya kwengu-63 abangaphezu komhlaba, ilungu lizothola inkokhelo elandelayo.

- IKhredithi yesikhwama;
- Isamba semali oyikhokhile ohlelweni lomhlalaphansi;
- Isamba Semali Ozikhokhele Ngokuzithandela (uma ikhona);
- Isamba Sengxenye Edluliselwe; (uma ikhona);
- Nenethi yembuyiselo yotshalomali.

YIKUPHI ONGAKUKHETHA NGESIKHATHI SOMHLALAPHANSI?

- 1 Uyakwazi ukusebenzisa yonke ikhredithi yakho yesikhwama ukuthenga uhlelo lwempesheni i-anyuwithi Esikhwameni.
- 2 Ungakwazi ukuhamba kuze kufinyelele ku-1/3 yenzuzo yakho engathathwanga yesamba semali ekhokhiswayo bese usebenzisa ibhalansi 2/3rd ukuthenga i-anyuwithi ephoqelekile. Uma isamba senzuzo yakho engathathwanga ingama-R247 500 noma ngaphansi, inani eliphelele lingathathwa njengesamba semali ekhokhiswa intela.

UKUYA EKWELULEKWENI NGOMHLALAPHANSI

Amalungu asezothatha umhlalaphansi kufanele aye Ekwelulekweni Ngemihlomulo Yomhlalaphansi. Isikhwama sihlinzeka ngamaseshini okwelulekwa ngezikhawu ezahlukene, izinyanga ezingu-12 ngaphambi kokuthatha umhlalaphansi, izinyanga ezingu-6 ngaphambi kokuthatha umhlalaphansi nokokugcina izinyanga engu-3 ngaphambi kokuthatha umhlalaphansi. Ukwelulekwa ngokwengqondo ngezinzuzo zomhlalaphansi kusiza ngokuhlelela umhlalaphansi ukugwema ukuthi amalungu aphelelwe yizimali emva kokuba esethathe isamba semali. Amaseshini okwelulekwa ngezinzuzo zomhlalaphansi kuyimfuneko, futhi kubalulekile kuwo wonke amalungu asezothatha umhlalaphansi ukuthi ahloniphe izimemo ezivela ku-Human Resources noma kuBaluleki Ngemihlomulo Yomhlalaphansi. Khuluma ne-HR yakho ukuze uthole mayelana neseshini elandelayo etholakalayo.

Ukuze uthole ulwazi olwengeziwe mayelana nemihlomulo yakho nokuthi usifaka kanjani isicelo, vakashela www.mwpcf.co.za.

Sinemigudu eyahlukahlukene yokuqinisekisa ukuthi uthola usizo oludingayo. **Ungasithinta kunoma yimiphi yale migudu elandelayo:**



010 100 3001



086 661 9532



www.mwpcf.co.za



clientservices@mineworkers.co.za



mineworks_pf



mineworkers_pf



mineworker_pf



071 881 6515

Disclaimer: The information provided in this newsletter is protected by applicable intellectual property laws and cannot be copied, distributed or modified for commercial purposes. While every effort has been made to ensure that the information contained herein is current, fair and accurate, this cannot be guaranteed. The use of this information by any third party shall be entirely at the third party's discretion and is of a factual nature only. Please note that if the content of the newsletter conflicts with the Rules of the Fund, the Rules shall prevail. MWPF does not accept any liability due to any loss, damages, costs and expenses, which may be sustained or incurred directly or indirectly as a result of any error or omission contained herein.